USUKU LOMNYANGO WOKUTHELISA LWAMAZWE OMHLABA 2018

Cape Town, 26 kuMasingana 2018 - Izinhlangano zokuThelisa emhlabeni namuhla zibungaze abesilisa nabesifazane abavikela imingcele yethu nabasiza ekuxhumaniseni ukuhweba. Minyaka yonke i-International Customs Day (ICD) luba kuMasingana mhla zingama-26 okuwusuku umkhandlu i-Customs Cooperation Council (CCC) eyaba khona neseshini yokuqala ngonyaka we-1953.

Isiqubulo se-International Customs Day (ICD) 2018, esikhethwa yinhlangano i-World Customs Organisation (WCO), sithi “Indawo ephephile yebhizinisi ukuze kuthuthukiswe umnotho”.

UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika lubambe ingxenye yokuqala yohlelo endlini yokugcina izimpahla entsha yombuso i-State Warehouse e-Cape Town, uKhomishana, Tom Moyane, wethule inkulumo khona.

“Isiqubulo salo nyaka sihlose ukuqhakambisa isidingo sokuthi sonke siqinisekise indawo evumela amabhizinisi, njengezinjini zomnotho, akwazi ukubamba iqhaza kanye nokuzuza ohwebeni lwamazwe omhlaba," kusho uKhomishana.

“UMnyango wokuThelisa ungaba negalelo ekwenzeni indawo ngokuthi uqinisekise ukuthi kube nokuzinza, kukwazi ukwaziwa ukuthi kungalindelekani, izinqubo ezihleke kahle, ukulwisana nokukhwabanisa, ukwenyusa ubuqotho kanye nokuqinisekisa ukuxhumana kokungena nokuphuma.”

“UMnyango wokuThelisa ungaba negalelo endaweni ephephile ngokwenza lokhu okudingekayo okuwukuqiisekisa ukuhanjiswa kwempahla okuphephile, ukuqinisa amandla okukhipha umyalelo yokubamba ukuhweba okungemthetho nokunobungozi kanjalo nezinto eziphambene nomthetho ezifana nokuxhasa ngezimali okungemthetho kobugebengu nokusabisa ngokuhweba.”

“Uthe, "Futhi uMnyango wokuThelisa ungaba negalelo kubulungiswa nasekuzinzeni kwendawo ngokuthi uhlale njalo ulandelela okwenziwayo okufana nokuphula imithetho yezinto noma izimpahla eziwumphumela womqondo womuntu, ukushushumbisa ngenhloso yokugwema intelo kanjalo nokudalula okungelona iqiniso okwenziwa ngenhloso enanini nemvelaphi yezimpahla".

Wengeze ngokuthi inhlangano izolwela ukuqinisekisa ukuthi bayaqhubeka nokubonwa njengoMnyango wokuThelisa ohamba phambili emsebenzini abawenzayo nokuthi bazoba negalelo ekuthuthukiseni ukuhweba nokuba sezingeni lokuncintisana kwezomnotho waseNingizimu Afrika. Uthe, ozilinganisi ezifana ne-World Bank’s Logistics Performance Index sezikubonile ukuphumelela kweNingizimu Afrika kulokhu, kanti nabakwa-SARS nabo bafuna ukwenza kangcono kulokhu.

“Ngikholwa ukuthi lokhu singakwenza ngemizamo yethu yokwenza ngcono umsebenzi wethu, ukwengamela okuseqophelweni, ukutshala izimlai kubantu bethu, ukuthuthukisa ubuholi bethu kanye nokusebenzisana nababambiqhaza bethu.”

Wengeze ngokuthi: “Njengeziphathimandla zakwa-SARS, siyayihalalisela i-WCO futhi siyasemukela isiqubulo sabo. Sizoqhubeka nokuthuthukisa injongo yokwakha indawo okusebenzekayo kuyo futhi ephephile ukuze amabhizinisi ahlomule ohwebeni lwamazwe omhlaba.

Umsebenzi woMnyango wokuThelisa neNtelo, u-Jed Michaletos, ukhulume ngokwethulwa komthethonqubo omusha woMnyango wokuThelisa ngoHlelo Olusha lweMithetho yoMnyango wokuThelisa (NCAP), ethi kuwmklamo omkhulu kwa-SARS njengamanje, kanti uhlelo lokusebenza kwalo luhamba luze lufike kunyaka wezi-2015. “Uma iMithetho emisha isiqala ukusebenza, izoshintsha indlela esisebenza ngayo kwa-SARS.”

Uphinde wachaza ukuthi ukulungiswa kwendlu yokugcina izimpahla ese-cape Town - okwakungenye yezindawo zokuqala ezweni - nayo iyingxenye yamasu oMnyango wokuThelisa abekwe eqhulwini kulo nyaka. Uthe bayaziqhenya ngezinye izinguquko abazethulile, kubandakanya ukuqina kwezinqubo zokuphepa kanye nokuthuthukiswa kohlelo lokwengamelwa kolwazi oluzokwazi ukulandelela zonke izimpahla ezingenayo neziphumayo endlini egcina izimpahla.

“Lokhu kuzokwenza sikwazi ukuthatha izinqumo ngezimpahla ezingekho emthethweni nezimpahlambumbulu, okunegalelo emnothweni ongemthetho kanye nokulahlekelwa imali engenayo yombuso.”

*I-CCC ithathe igama ezosebenza ngalo, i-World Customs Organisation (WCO) ngonyaka we-1994. Unyaka nonyaka, usuku lugujwa ngokwesiqubulo esikhethwa oNobhala be-WCO bese saziswa kuwo wonke amaLungu ayi-180 e-WCO.